

Vuk'uzenzele



Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English/isiZulu

Nhlangulana 2021 Ushicilelo 2



Dreams come true for Tafelkop community
Page 4



Solar power energises Stellenbosch's bright minds

Page 8

Alert Level 2 to spare lives and health facilities



South Africa has been placed on Adjusted Alert Level 2, as government introduces measures to delay the third wave of the virus.

Addressing the nation recently, President Cyril Ramaphosa said after several months of low transmission, the number of Coronavirus Disease (COVID-19) infections has risen sharply in several parts of the country over the past month.

“The provinces of Free State, Northern Cape, North West and Gauteng have reached the threshold of a third wave of infections.

“It may only be a matter of time before the country as a whole will have entered a third wave,” the President warned.

Health protocols

According to health experts, the rise in new infections is because of an increase in social gatherings where people are not observing health protocols.

These protocols include wearing masks, social distancing, ensuring adequate ventilation and limits on the number of people who attend gatherings.

Other sites of increased transmission are funerals and so-called ‘after tears’ parties, as

Cont. page 2



To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:



Search for SA Government on Google playstore or appstore

CONTACT US



Vuk'uzenzele



@VukuzenzeleNews

Website: www.gcis.gov.za

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:

1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083

FREE COPY NOT FOR SALE



"MANJE SESIFIKILE ISIKHATHI SOKUTHI SONKE SISEBENZISANE, NGENHLOSO YOKUHLONIPHA U-NELSON MANDELA, SAKHE ININGIZIMU AFRIKA ENTSHA FUTHI ENGCONO KUMUNTU WONKE WAKULELI."

UMONGAMELI CYRIL RAMAPHOSA

#SendMe

SIKWAKHELA INGOMUSO ELINGCONO
SIHAMBAMBA EZINYATHELWENI ZIKAMADIBA



INingizimu Afrika iphokophelele ukufeza umbono woMthethosisekelo

Iminyaka engamashumi ayisithupha eyedlule, mhla zingama-31 kuNhlabha 1961, umbuso wobandlululo waseNingizimu Afrika wazimela nje-ngeriphabhulikhi, waxebuka kuMbuso waseBhritani.

Ngesikhathi 'iriphabhulikhi' ingachazwa njengombuso lapho amandla amakhulu ephethwe ngabantu kanye nalabo ababamele abakhethiwe, kwakunge-njalo eNingizimu Afrika.

UMthethosisekelo wombuso wobandlululo wawuthe- mbisa ukuthembeka kuNkulunkulu, "owahlanganisa okhokho bethu ndawonye besuka ezindaweni eziningi wase ebanika lokhu njengokwabo".

KwakunguMthethosisekelo owawubhalwe futhi ubhalwe ingcosana yabandlulula ngokobuhlanga, futhi wawusebenzisa inkolo ukuthethelela unya. Wawucacisa ukuphatha kukahulumeni, unikeza labo abamhlophe ukuthi ibona kuphela abane- gunya lokuvota futhi bamele umphakathi. Wawungenawo sampela uMqulu Wamalungelo.

Iningi labantu bezwe lakithi lalibalwe embhalweni ophansi ngasekugcineni kwizinhlinzeko eziyi-121, eSahlukweni esasinesihloko esithi 'Ukuphathwa Kwezindaba Zabantu Abansundu, njll.'

Kumyalezo owasakazwa kumabonakude, uNdunankulu u-HF Verwoerd wathi: "Sihlose ukuthuthuka kancane kancane kwawo wonke amaqembu akithi sibheke endaweni ethile.

Lapha isisombululo sizothlakala ngokuthi siqhubeke nokuholwa isandla somuntu omhlophe."

"Sithokoze kakhulu ukuthi singabantu ababumbene," wamemezela kuwo wonke umhlaba.

Kodwa iqiniso lalithi sasingabumbene neze.

Sasingabahlali basezweni lapho amalungelo omuntu, amathemba kanye nokulindlekile empilweni beku- nqunywa ibala lomuntu.

Iminyaka engamashumi amabili, uMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika wangowe-1961 wawungumfutho osemthethweni wengcinezelo yabantu abacishe babe ngama-90% baseNingizimu Afrika.

Loku kukhumbula iminyaka engajabulisi kwenzeka enyangeni efanayo naleyo esibungaza ngayo iminyaka engama-25 yokwamukelwa koMthethosisekelo wentando yabantu omusha yiSigungu soMthethosisekelo, okwaba ukuzalwa kwesizwe esibumbene ngempela.

Manje sesinomthetho owodwa wesizwe esisodwa. Sisonke, sizikhethela thina ngokwethu uhulumeni onikeza iqiniso lokuthi iyini iriphabhulikhi.

Sithe kwiriphabhulikhi yethu yentando yabantu, wonke umuntu uyalingana ngaphambi komthetho futhi unelungelo lokuvikelwa ngokulinganayo kanye nokuzuzwa kumthetho.

INingizimu Afrika iyizwe lapho ukwenza ubulungiswa kubekwe ezinkantolo ezizimele kanye nohlelo lwezinkantolo olusebenza ngokoMthethosisekelo. Sihlala



ezweni lapho wonke umuntu enelungelo lokuya ezinkantolo ukuze kuzogcwalisekiswa amalungelo abo.

Siphila ezweni lapho imiphakathi ingafaka isimangalo somthetho emhlabeni eyasuswa kuyona ngendluzula, nalapho abantu noma imindeni ivikelekile ekuxoshweni okungafanele emakhaya abo.

Siphila ezweni lapho bonke abantu bevumelekile ukwenza amasiko nemikhuba yabo ngokukhululeka. Izwe lapho noma ngubani angabhikisha ngokukhululeka ngokweseka ezenhlalo, eze- politiki nanoma yini enye imbangela noma ikuphi.

Ukusebenza komthethosisekelo wethu kuphezu kohulumeni ophendulayo, lapho aBaphathi bephendula kubantu nalapho iPhalamende limele abantu.

Ilizwe lapho umthetho usebenza ngokulinganayo kunoma isiphi isakhamuzi. Manje sesinohulumeni wabantu, osebenzela abantu, futhi ngabantu.

Ngesikhathi umbuso wobandlululo wawuqholosha sakunqoba ngomthethosisekelo obandlulula ngoko-

buhlanga emhlabeni jikelele eminyakeni engama-60 eyadlula, ulahle ukuzethemba nokubekezelela.

Encwadini engaphendulwanga eyayiya ku-Verwoerd ngenyanga phambi kokumenyezela kwiriphabhulikhi, u-Nelson Mandela waqinisekisa ukuchithwa kwenhlangano yenkululeko yiriphabhulikhi yabamhlophe eyaphoqelelwa ngenkani.

Wathi awukho uMthethosisekelo noma ukubunjwa kohulumeni ngaphandle kokubandakanywa kwabantu base-Afrika oyoke ufaneleke ngokuziphatha.

Nebala alukho uhlelo- kusebenza oluvumela uhlelo- kusebenza oluphikisa amalungelo abantu olungagcinwa. Yize kuzoba ngaphezu kweminyaka engamashumi amathathu ngaphambi kokuthi izimfuno zenhlangano yenkululeko ziphumelele, sagcina siqobile ukuthola inkululeko yethu.

Ukulahla uMthethosisekelo wombuso wobandlululo emgqonyeni womlando, sizinikele thina kuMthethosisekelo omusha kanye nohlu olusha lwamagugu.

Ngesikhathi ngethula inkululo kuSigungu Somthethosisekelo eminyakeni engama-25 eyadlula, ngathi uMthethosisekelo wethu kumele ube yinto enkulu ukudlula amagama nje asephapheni; kumele ube iqiniso ezimpilweni zabantu bakithi.

Uma singenzi kanjalo, lo mqulu oya phambili kanye nowenkululeko uzoba yize leze futhi uzobe ungasho lutho.

Sanquma kudala ukuthi iluphi uhlobo lomphakathi esifuna ukuba yilona. Umphakathi osekulwe ngesithunzi somuntu, ukulingana, inkululeko kanye nokungacwasi.

Esikhathini esingangekota yeminyaka elikhulu sisebenzile ukwakha umphakathi onjalo. Senze inqubekela- phambili engephikwe, kodwa sisenzazo izinqinamba eziningi futhi usemuningi umsebenzi okusamele wenziwe.

Njengoba sibungaza ukwamukelwa koMthethosisekelo wentando yabantu, masikhumbule ukuphumula okungujuqu esakuthola kuhlelokusebenza olwalwe- sekelwe ukubandlulula ngokobuhlanga, ukuxhashazwa, ukuphucwa impahla kanye nokucindezelwa olwalukhona ngaphambili.

Masikhumbule futhi ukuthi kukithi ukufeza umbono oqukethwe kuMthethosisekelo wethu.

Ngoba kungokuqinisekisa ukuthi bonke abantu base- Ningizimu Afrika bayakwazi ukusebenzisa amalungelo abo omthethosisekelo ngokukhululeka nangokugcwele, ukuthi sibe ngabantu ababumbene ngokweqiniso. **V**

Kufezeke amaphupho emphakathini wase-Tafelkop



■ UMongameli u-Cyril Ramaphosa enabalimi base-Tafelkop, e-Limpopo, abasanda kuthola amatayitela obunikazi bomhlaba abalima kuwona.

Iqembu labalimi abamnyama base-Tafelkop e-Groblersdal, e-Limpopo, bayaziqhenya ngokuba ngabanikazi bomhlaba onobubanzi obulinganiselwa kumahektha ayi-189, abesebelime kuwona iminyaka engama-25 eyedlule.

Labalimi abangama-30 bathole amatayitela obunikazi balo mhlaba kuMongameli u-Cyril Ramaphosa emva kokuba UMnyango Wezemisebenzi Kahulumeni kanye neNgqalasizinda unikezele ngalo mhlaba ngenhloso yokuwaba kabusha.

Lo mhlaba ubiza isamba semali esingaphezulu kwezigidi ezingama-25.5 zamrandi kodwa unikezelwe kulaba balimi mahhala.

“Lolu ngusuku oluhle kakhulu impela kumphakathi wase-Tafelkop, kubantu base-Limpopo, futhi ngokunjalo kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

“Namhlanje singofakazi bokufezwa kwephupho lalo mphakathi. Kungumbono walo mphakathi osekuphele iminyaka engama-25 belwela ukuwubona ufezekela,” kusho uMongameli emcimbinini wokunikezelwa kwalo mhlaba.

Labalimi bebelima ngempumelelo imikhiqizo yezolimo ehlukehlukehene

kulo mhlaba kusukela ngonyaka we-1996.

Bazihlela ngeminyaka ye-1990 ukuba babe ngabalimi abalimela ukuthengisa ababhalisiwe ngaphansi kweNhlanguvana ebizwa ngokuthi i-Tafelkop Farmers Association futhi baqala ukukhulumisana nohulumeni.

Ngonyaka wezi-2000, uMnyango Wezolimo Kuzwelonke wangaleso sikhathi wangena ezivumelwaneni zokuqashiswa komhlaba kwi-Tafelkop Farmers Association okuhambisana Nokwabiwa kabusha Komhlaba ngokoHlelo Lokuthuthukiswa Kwezolimo.

Ngonyaka wezi-2009, uMnyango Wezolimo wase-Limpopo wangaphambilini waphakamisa kuMnyango Wezemisebenzi Kahulumeni ukuthi umhlaba kumele unikezelwe kubalimi.

Amatayitela agunyaza ubunikazi abhaliswa ngamagama abalimi ngasekuqaleni kwalo nyaka.

Okwamanje lo mhlaba usetshenziselwa ukutshala ugwayi, ukotini kanye nemikhiqizo yokudla.

Amakhaya angamashumi amathathu nambili ondliwa yilo mhlaba kanye nemisebenzi yokulima ehlinzeka ngemisebenzi kubasebenzi abasebenza ngokugcwele abayi-128 kanye nalabo

abasebenza ngezikhathi ezithile abangama-320.

Ubulungiswa kumphakathi

UMongameli uthe umphakathi ubusubekezelele ubunzima obuningi eminyakeni eyedlule futhi “amatayitela agunyaza ubunikazi aletha ubulungiswa kumphakathi owawuphucwe umhlaba”.

“Asikakhohlwa ngokuphucwa komhlaba, ukuntshontshwa komhlaba kanye nokususwa ngendluzula kwabantu balo mphakathi futhi miningi imiphakathi ezweni lonkana ebekezelele lokhu.

“Asikakhohlwa umlando obuhlungu wokulima lapha e-Limpopo, lapho abantu abahlala epulazini baphoqelelwa ukuthi bebe yiziqashi ezisebenza emhlabeni wokhokho babo, futhi bengavunyelwa ukuthi babe abanikazi bomhlaba ukuze bezokondla imindeni yabo noma umhlaba wemfuyo yabo.”

Wengeze ngokuthi abasebenzi abamnyama basempulazini baxhashazwa futhi bahlukunyezwa endaweni eyayaziwa nge-Northern Transvaal phambilini.

“Siyakhumbula futhi nokuthi uhulumeni wobandlululo wabasekela kanjani abalimi abamhlophe ngezinsizakusebenza, ngoxhaso

lobuchwepheshe kanye nokuthola ukuboleka imali ukuze bakhe amabhizinisi abo, kepha abalimi abamnyama abasafufusa bathwala kanzima ukuze baziphilise.”

Ukuguqulwa kwemboni yezolimo

UMongameli uthe ukunikezelwa komhlaba kukhuthaza ithemba ngoba kukhombisa ukuthi ngokuxhaswa namathuba afanele, imboni yezolimo ingaguqulwa ukuze kuzuze izwe.

“Sibungaza inqubekela-phambili yethu, ngoba usuku nosuku Uhlelo lwethu Lwezinguquko Kwezomhlaba luthola amandla.

“Kuze kube namuhla, uhulumeni usabe kabusha umhlaba ongaphezu kwamahektha ayizigidi ezinhlanu, usuwonke ubalelwa empulazini ayizi-5 500, nozozuzwa ngabantu abangaphezu wezi-300 000.”

Kuze kube manje, inqubo yokwabiwa kabusha komhlaba ihlomulise abafaka izicelo zomhlaba abangaphezu kwezigidi ezimbili kwaholela ekunikezelweni komhlaba ongamahektha ayizigidi ezi-2.7.

“Uguquko kwezomhlaba alukho mayelana nentshisekelo yokulungisa kuphela nje, ubulungiswa kanye nokuhlangana komphakathi. Kuphinde kube mayela-

na nokuthuthukiswa komnotho. Ezolimo nochungechunge lwezolimo kungakwazi futhi kufanele kugqule iminoto yasemakhaya,” kusho uMongameli uRamaphosa.

Uhulumeni uhlela ukusungula i-ejensi yezomhlaba kanye neyezolimo ukuze kusheshiswe uguquko kwezomhlaba.

“Sibheka ukuthi inqubomgomo yethu yaphambilini isebenze ngempumelelo kangakanani. Sizolungisa lolu daba loguquko kwezomhlaba ngokushesha.”

Silungisa amaphutha aphambilini

UMongameli uthe uhulumeni usebenza ngokuzikhandla selokhu kwaqala intando yeningi labantu ukulungisa okungahambanga kahle ngezikhathi sobandlululo.

“Lokhu sikwenzela ukukhlonipha labo ababehlala phakathi kwethu; ababehlala kuwo lo mhlaba wakithi.”

Uguquko kwezomhlaba lubalulekile ekuthuthukiseni ukuba khona kokudla ezweni, ukwakha umnotho obandakanya wonke umuntu, kanye nokunikeza ikusasa elingcono labo bonke abantu baseNingizimu Afrika, kwengeza uMongameli.

UMongameli unxuse abalimi base-Tafelkop ukuthi bawusebenzise kahle lo mhlaba ukuze kuzuze umphakathi.

“Ngokwami, namuhla kube wusuku oluhle kakhulu ehovisini; lokuthi ngisukume ngizithathe ngizobona imikhiqizo yenu.”

“Angingabazi ukuthi ngokuzinikela namandla abo bonke abathintekayo, lo msebenzi uzoqhubeka nokukhula,” kusho yena.

USihlalo we-Tafelkop Farmers Association u-Jerry Seffoloshe ubonge uhulumeni ngokwenza ngempumelelo ukuthi abalimi bakwazi ukuba ngabanikazi bomhlaba asebewusebenzele iminyaka engamashumi-shumi. **U**